

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Ndasa 2019 Ushicilelo 1


Budgeting for a brighter future

FINANCE MINISTER Tito Mboweni has called on the nation to embrace President Cyril Ramaphosa's State of the Nation Address task list, so that we can become a better South Africa.

During his recent Budget Speech in Parliament, Minister Mboweni assured South Africans that the country is on a bold new path and spoke about what government plans to do for the nation and its citizens.

The Minister said that the Budget focuses on six areas. These include achieving a higher rate of economic growth; increasing tax collection; reasonable, affordable expenditure; stabilising and reducing debt; re-configuring state-owned enterprises (SOEs); and managing the public sector wage bill.

"Taxes raised in wealthier areas fund poorer provinces and municipalities. In this budget, 47.9 percent of nationally-raised funds have been allocated to national government, 43 percent to provinces and 9.1 percent to local government. Pro-poor spending continues to grow in real terms," he said.



Finance Minister Tito Mboweni delivers the Budget Speech.

● **Cont. page 2**

Social grant increases



R80 – Increase for old age, disability, war veterans and care dependency grants.
R40 – Increase for the foster care

Health



R717 billion – For health services, including the National Health Insurance.

Education



R30 billion – To build new schools and maintain infrastructure.

- **ECONOMIC GROWTH**
- **TAX**
- **EXPENDITURE**
- **DEBT**
- **SOEs**
- **WAGE BILL**



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews



Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

FREE COPY

Did you know? THE 2019 ELECTIONS WILL BE HELD ON 8 MAY 2019

Abasebenzi bezempilo abancane basiza ezindaweni zasemakhaya zase-KZN

UNgqongqoshe Wesifundazwe (u-MEC) Wezempilo waKwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni Dhlomo usekhuthaze abaqeqeshelwe ezempilo abasebancane ukuthi bayeke ukuya ezindaweni ezingaphonseli inselele bese beya ezindaweni zasemakhaya ukuze bayosiza imiphakathi edinga ukunakekelwa kwezempilo.

UNgqongqoshe Wesifundazwe ubesanda kukhuluma e-Durban, emhlanganweni wokucobelelana ngolwazi wokwazisa ngendawo kanye nokuzokwenzeka kubafundi abangama-268. Basuka emanyuvesi akuzwelonke futhi baqale izinyanga zabo eziyi-12 zokusebenzela umphakathi ekuqaleni kuKaMasingana.

Ithimba lowezi-2019 labasebenzela umphakathi lihlanganisa odokotela bamazinyo, abaqeqeshelwe ukubhucunga kanye nokwelula umzimba (ama-physiotherapist), ama-occupational therapist,



Bangaphezu kwama-200 abasebenzi bezempilo abasebancane asebekulungele ukusebenzela imiphakathi esezindaweni ezahlukene KwaZulu-Natali njengengxenywe yokuqeqeshelwa amakhono emsebenzini.

ama-therapist, ama-speech therapist, kanye nama-audiologist. Ukwethulwa kokusebenzela umphakathi kwezempilo okuphoqelekile kwaqala ngonyaka wezezimali we-1998/99, ngaphansi kahulumeni kaMongameli uNelson Mandela. Nanoma ekuqaleni bekugxilwe kodokotela kanye nodokotela bamazinyo, sekwehulwe nakwabanye abasebenzi bokunakekelwa kwezempilo, abahlanganisa ama-therapist kanye nabahlengikazi.

“Izinsiza eziningi ezihlinzeka yilaba dokotela banga-

ma-therapist azivamisanga ukuba khona ezindaweni zasemakhaya. Ukuvumela laba basebenzi bezempilo abasebancane ukuthi baye kulezi zindawo kwehlisa isidingo sokuthi abantu abaphethwe ukuphakama komfutho wegazi (ihayihayi), isifo sikashukela, ukufa kohlangothi (istrokhi), baye ezindaweni ezisemadolobheni lapho bebaningi khona laba abaqeqeshelwe lo msebenzi,” kusho uNgqongqoshe Wesifundazwe uDhlomo.

Udokotela wamazinyo

“Ukwazi ukuhlinzeka ngezinsiza zezempilo kubantu abangakwazi ukufinyelela kuzo kuyajabulisa kakhulu”

uFrieda Maritz, wase-Tshwane, wafunda Enyuvesi YasePitoli. Wabekwa Ekhombe Hospital, ngaphambi kokuba athunyelwe emtholampilo waseHlengisizwe. “Kungithokozisa kakhulu ukuba ngaphandle kwase-Durban. Ekhombe kusendaweni yasemakhaya, kodwa kuningi okwenzeke empilweni yami. Ngilanga-zelela ukukhuluma isiZulu, ukwazi umphakathi kangcono kanye nokwenza umehluko,” kusho uMaritz.

UNombongo Ntswayi, uyi-audiologist evela eKapa, usethokozele amaviki akhe

ambalwa okuqala e-Christ the King Hospital e-Ixopo, lapha ebekwe khona.

“Ukusebenza nabantu base-Ixopo, kwenza ubone olunye uhlangothi lwempilo wazi nokubaluleka kwabantu. Ukwazi ukuhlinzeka ngezinsiza yezempilo kubantu abangakwazi kahle ukufinyelela kuzo kuyajabulisa kakhulu,” kusho uNtswayi.

UYashnita Ramsunder, i-occupational therapist eyafunda Enyuvesi YaseKapa, usemtholampilo waseGamalakhe, ngaphandle kwasePort Shepstone. “Ngijabule ngempela la ngibekwe khona. Ngisebenzela imitholampilo eyisishiyagalolunye. Engikulanga-zelela kakhulu kulo nyaka ukusiza abantu abampofu kakhulu, ukusiza abakhubazekile ukuthi bakwazi ukuzimela emiphakathini, kanye nokuqwashisa ngokuphathelene nesifo senqondo kanye nokukhubazeka, ngobayilokho enginentshisekelo kuko,” kusho uRamsunder. **V**

Iziguli nazo zinamalungelo

ABANTU ABAKHOKHELWA ekutheni bathole ukunakekelwa okungekho ezingeni elifanele esikhungweni sezempilo sikahulumeni banelungelo lokufaka isikhalazo.

Silusapho Nyanda

Njengoba uNdasa Kuyinyanga Yamalungelo Esintu, i-Vuk'uzenzele ibheka amalungelo eziguli ezisikhungweni zezempilo.

Ukunakekelwa kwezempilo kuyilungelo labantu eliyisisekelo okumele lithokozelwe yibo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Lokhu kwenze ukuthi Umnyango Wezempilo uhlanganise Usomqulu Wamalungelo Eziguli.

Usomqulu uthi wonke umuntu unelungelo lokunakekelwa kwezempilo, akunandaba ukwazi kwabo ukukhokhela ukwelashwa.

“Ukwelashwa noku-



hlunyeleliswa okufanele kwaziswe isiguli ukwenzela ukuthi isiguli siqonde ukwelashwa noma ukuhlunyeleliswa okufana nalokhu kanye nomphumela wakho,” ufundeka kanje

usomqulu.

Uma iziguli zizizwa ukuthi aziphathwanga ngendlela efanele noma ukuthi kubukelwe phansi amalungelo azo, zinelungelo lokufaka isikhalazo.

Iziguli ezisebenzisa izibhedlela zikahulumeni zaKwaZulu-Natali zingakhalaza ngqo kubasebenzi ababhekelele ubudlelwane nomphakathi (ama-PRO) abasezikhungweni zezempilo esifundazweni.

“Njengamanje, sinezibhedlela zikahulumeni ezingaphezu kwama-80 esifundazweni sethu kanye nama-PRO angama-80, kanye cishe nezikhungo zezempilo zomphakathi eziyi-10, ngasinye kuzo sine-PRO yaso,” kusho uNgqongqoshe Wesifundazwe Wezempilo

uDkt. Sibongiseni Dhlomo. Uthe eminyakeni embalwa eyedlule, sekube nemihlangano yokucobelelana ngolwazi ukuze kuhloniswe ama-PRO ukuthi akwazi ukuba phambili ezikhungweni zezempilo zesifundazwe.

Iziguli ezingenelisekile zingabika izikhalazo zazo ehhovisi leSikhulu Esiphenya Izikhalazo Emkhakheni Wezempilo.

URicardo Makhanya wehhovisi lesikhulu esiphenya izikhalazo emkhakheni wezempilo wachaza ukuthi baphenya izikhalazo zeziguli bese behlinzeka umbiko ofingqiwe wesimo ngasinye.

Uthe iziguli kumele ziqale zikhalaze esikhungweni sezempilo futhi uma kuwukuthi azikaneliseki ngemva kwalokho, bese zikhuluma nehovisi lesikhulu esiphenya izikhalazo emkhakheni wezempilo. **V**

Ilungelo lakho lokunikwa isithunzi

Zonke iziguli zinelungelo:

- Lokuhlala endaweni ephiphile nengenabungozi empilweni yazo
- Lokubamba iqhaza ekuthathweni kwezinqumo
- Lokuthola izinsiza zezempilo
- Lokwazi ngempilo yazo
- Lokuthola umshwalense/isikimu sensiza yezokwelapha
- Lokukhetha izinsiza zezempilo
- Lokwelashwa ngumuntu ohlinzeka ngezinsiza zokwelapha obhalwe igama
- Lokugcinwa kwemfihlo kanye nezinto zomuntu angathandi zaziwe
- Lokunikezela imvume ngemva kokunikezwa ulwazi olugcwele
- Lokunqaba ukwelashwa
- Lokufakazisa umuntu wesibili ngalokho ezikutsheliwe
- Lokukhubeka nokuthola ukunakekelwa
- Lokukhalaza ngezinsiza zezempilo.

Uma ufuna ukubika isikhalazo ehhovisi leSikhulu Esiphenya Izikhalazo Emkhakheni Wezempilo, shayela ucingo lwamahlala ku: 080 911 6472 noma ungathumela nefeksi ku: 086 560 4157 noma i-imeyili ku: complaints@ohsc.org.za